

**19 January 2011**

**“Graduate Healthy and Alive” – MEC Dhlomo tells students**

On the 19 January when Members of the Executive Council (MECs) were in all the corners of KwaZulu-Natal; MEC Dhlomo was in Amajuba District visiting schools to see to it that teaching and learning is taking place from the first day.

Amajuba District was the second best performing district in the province with an average of 90% pass rate in the 2010 matric passes following eThekweni district. The MEC visited five schools today and is still to visit more schools to ensure that all secondary schools are opened and working.



*MEC for Health in KwaZulu-Natal, Dr Sibongiseni Dhlomo addressing learners at Thathunyawo High School | Ungqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali, uDkt. Sibongiseni Dhlomo ekhuluma nabafundi besikole i-Thathunyawo*

Addressing students at Thathunyawo High School where the 2010 matric pass rate was 87%, Dr Dhlomo said; “You need to congratulate yourselves and the teachers for the hard work which is yielding good results. I hope that this year you will pass the 90% bar which was set by the class of 2010.

”He told students that, as a doctor, he has learnt and seen the risks of teenage pregnancy which also delays a young girl’s life and take away her dreams. He told them the World Health Organisations (WHO) says that any girl below 18 years of age who gets pregnant risks dying and/or permanent disability. All girls and boys must commit themselves to graduating healthy and alive

This he said as he informed them that his department will be working with the department of education in rolling out the schools HIV Counselling and Testing (HCT) Campaign. The campaign will be targeting school and tertiary education going youth; encouraging them to know their HIV status, live a risk free life and to adopt healthy living.

“I also want to encourage you to study hard in order that you take up nursing and medical studies so that you can come back and work in your communities. The department provides bursaries and all the assistance in this regard,” he told the students.

The previous night the MEC, together with Metropolitan Life, hosted a dinner to congratulate those who performed very well in 2010. Local business committed close to R1 million towards helping students in their studies. One Thamsanqa Nxele, who wrote his 2010 matric in Watervaal Prison and obtained 5 distinctions, is to receive financial

support from Dr Mduduzi Gama towards his studies in engineering through correspondence whilst serving 25 year sentence. Metropolitan Life and First National Bank (FNB) also committed R100 000.00 each towards helping students in their studies.

**Writer : Chris Maxon**

## “Gogodani Ninempilo Futhi Niphile!” – uDKT. Dhlomo Utshele Abafundi Kuvulwa Izikole

Uhulumeni  
weSifundazwe  
saKwaZulu-Natali  
ujube kuzifunda  
bonke  
ongqongqoshe  
ukusiza nokubheka  
ukuqala kahle  
konyaka  
wezemfundo ka-  
2011.  
Ungqongqoshe  
wezeMpilo, Dkt  
Sibongiseni  
Dhlomo, yena  
ubethunyelwe  
esifundeni sase-  
Majuba lapho  
ebekephansi ijazi  
elimhlophe  
lobudokotela  
wathatha  
ezokusebenza  
esiza ekugundeni  
utshani,  
ukulungiswa  
kwamawindi kanye  
nokungqunguzela  
othisha okuba  
bazimisele  
kulonyaka omusha.



*Ungqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali, uDkt. Sibongiseni Dhlomo egunda utshani esikoleni i-Nhlosokuhle. | MEC for Health in KwaZulu-Natal, Dr Sibongiseni Dhlomo cutting grass at Nhlosokuhle High School.*

UMhlonishwa  
Dhlomo uqede  
izinsiku ezintathu  
ehlangana  
nabaholi, abafundi,  
othisha,  
osomabhizinisi  
kanye nezakhamuzi  
abaqhamuka  
ezindaweni  
ezakhele isifunda.  
Kubikwe ukuthi  
edilini lokubongela  
abafundi abenze  
kahle onyakeni  
odlule,  
abamabhizinisi  
kanye nabazimele  
banikele ngesigidi  
samarandi

ekusizeni abafundi  
abenzekahle kanye  
nokuthuthukiswa  
kwesifunda.

Isifunda  
saseMajuba  
singesinye  
(sesithathu  
KwaZulu-Natali)  
esinabantu  
abaningi, 410 439.  
Iningi labantu  
(48,5%) base  
Majuba  
baneminyaka  
engaphansi  
kwengamashumi  
amabili, u47,6%  
uneminyaka  
ephakathi ka 21 –  
60 kanti  
abangaphezu  
kweminyaka engu-  
60 bawu-3,9%.  
Abayisithupha  
kwabayishumi  
abasebenzi futhi  
singesinye  
sezifunda lapho  
isibalo  
sabanegciwane  
leSandulelangculazi  
siphezulu.

Ekuvakasheleni  
kwakhe izikole uDkt  
Dhlomo uthe  
ubephethe  
imilayezo  
ebalulekile  
kubobonke abantu  
besifunda. “Izikole  
zamazinga  
aphezulu  
(secondary)  
kulendawo  
zisezindaweni  
zasemalokishini  
kakhulu futhi  
sinesikhungo  
sokufunda abadala  
esiseNewcastle,  
lokhu kuyiyinkinga.  
Kanjalo-ke ke  
sizoqinisa  
ubambisana  
phakathi  
kukahulumeni,  
abezenkolo,  
osomabhizinisi  
kanye nosopolitiki  
ukufukula abantu  
sibayise  
enthuthukweni.”

Kuvakashelwe izikole eziyishumi komasipala bobathathu besifunda (Utretch, Danhauser neNewcastle). Ungqongqoshe ugqugquzele abafundi ukuba bazimisele kakhulu nonyaka ukuze baphakamise umsebenzi omuhle owenziwe yilabo abenze kahle onyakeni ka-2010. Ufike esikoleni iThathunyawo High School lapho ngonyaka odlule abafundi baphasa ngamalengiso bathola u87%. Ekhuluma nabafundi abebazimisele uDkt. Dhlomo uthe; “Kumele niziqhenye futhi nizimisele nonyaka ngoba ozakweni babeke induku ebandla ukusebenza kanzima nangokuzimisela.”

Uqhubeke wabaxwayisa ethi; “Ukukhulelwa kubambezele ikusasa lakho, kufake impilo yakho engcupheni yokushona noma ukhubazeke impilo yakho yonke. Inhlango yomhlaba yezeMpilo iyenxwayisa ngokukhulelwa kwezingane ezineminyaka engaphansi kuka-18 ngoba lokhu kubeka umama nengane engcupheni. Lokhu kwenziwa ukuthi umntwana usuke engakakhuli ngokwanele ukuthwala umntwana. Phansi nokukhulelwa, phansi! Phansi nabafana abakhulelisayo, phansi!” kusho uDkt. Dhlomo.

Umphathiswa ube esebacacisela abafundi ukuthi uMnyango wezeMpilo kanye nowezeMfundo uzoqala umkhankaso wokugququzela abafundi ukuba bazi isimo sabo ngokuhlolela igciwane leSandulelangculazi ezikoleni. Lokhu kubalulekile, echaza, ngoba u-10% wezingane ezisesikoleni zisolakala ukuba negciwane leSandulelangculazi. “Ukuze sikwazi ukuvikela ikusasa lesizwe kanye nokukhula kahle kolusha lwethu sizogququzela bonke abafundi ukuba baphokophele ukugogoda benempilo futhi bephila- Graduate Alive!” kusho uDkt. Dhlomo.

“Akusekule ukuhambela imicimbi yokugogoda ngoba baningi abathweswa iziqu bengasekho. Lokhu kuvusa amanxeba nobuhlungu emindenini nakulabo abasondelene nalowo ongasekho. Njengohulumeni sithi lokhu kungavikeleka uma ukuphila kungaba ezinye zezethembiso umuntu omusha azibophezela kuzo kusukela esesemazingeni aphansi” kuchaza uNgqongqoshe Dhlomo.

Nakuba intsha isengozini enkulu yokuthathelana kwegciwane kunezinkomba ezithi abantu abasha bangakuthakasela ukwamukela izinhlelo ezingabavikela kunalabo abadala kunabo. Inkinga enkulu ngokuthi kuselukhuni ukuhlukanisa izindlela zokuziphatha kwabantu abasha nalabo abadala ngoba kuvamisile ukuthi kubekhona ubuhlobo phakathi kwalabo abadala nolusha. Inhlolovo zangamuva ziyethembisa ukuthi lokhu kuyashintsha futhi abanengciwane entsheni bayehla.

***Umbhali: Mr Chris Maxon***